



**22 Agasti 2026**

**iSIMANGALISO SIBAMBE UMHLANGANO OPHUTHUMAYO NAMAKHOSI MAYELANA NODABA LOKUNGENA ESIQIWINI ENDAWENI YASE OZABENI NGOKUNGEMTHETHO.**

NgoMgqibelo (22 Agasti 2026) eHluhluwe, uSihlalo Webhodi lesiSimangaliso u-Ms Thulile Sosibo kanye nesikhulu esiphezulu uMnu Sibusiso Bukhosini (CEO) bahole umhlangano ophuthumayo wokwazisa Amakhosi ngesimo sakamuva mayelana nodaba lokudliwa komhlaba, kanye nokuboshwa kwabantu ababalelwa kwabangu-50 abadelele uMyalelo weNkantolo ngokungena ngokungemthetho emhlabeni wase-Ozabeni. Laba bantu baphinde bazibandakanya nezenzo ezingavumelelile ngaphakathi eSiqiwini ngokomyalelo okhishwe inkantolo.

Ukuvalwa komgwaqo omkhulu u-R22 ngababhikishi baso-Ozabeni ngoLwesithathu olwedlule kube enye yezinkinga ezixoxwe emhlanganweni. Lokhu kuthikameza izinsiza ezibalulekile nezisemqoka njengezithuthi zeziguli ezisebenzisa lomgwaqo ngezikhathi zezimo eziphuthumayo, njengoba lomgwaqo uyisixhumanisi esibalulekile phakathi kweTheku (Durban) neMaputo emisebenzini yezokuhwebelana.



*Esithombeni: Amakhosi kanye noMeya waseMkhanyakude*

Amakhosi akhombise ukumangala ngolwazi abebenalo olusuka kubabhikishi olwehluke kakhulu esithombeni esivezwe isikhulu esiphezulu saseSimangaliso mayelana nodaba lwamathuba emisebenzi kanye nokudliwa komhlaba. Izibalo zamathuba ezethulwe emhlanganweni yisikhulu esiphezulu Mr Bukhosini (CEO) siveze umqondo owehlukile. Kuvele ukuthi akhona amathuba ahlukahlukene aye

aqondiswe emphakathini wakwaMbila, okubalwa kuwo amathuba amabhizinisi, imifundaze (ama-bursary), kanye namathuba emisebenzi.

UMnu. Bukhosini uchazile ukuthi udaba lomhlaba lusaqhubeka futhi luwundaba olubucayi okuphikiswana ngalo kulendawo ngenxa yomlando wobandlululo kaHulumeni waphambilini (i-Apartheid). Uphinde wachaza ukuthi lolu daba lulawulwa ngaphansi kwegunya likaKhomishana Wezomhlaba, futhi luyalungiswa kulelo zinga ngokuhambisana nemithetho yezwe.

Omunye umbuzo obalulekile ophakanyiswe emhlanganweni kubengowokuthi ngabe iSimangaliso asikwazi yini ukuhoxisa amacala ukuze kukhululwe labantu ababoshiwe. Umeluleki wezomthetho obekhona emhlanganweni uchaze ukuthi noma ngabe iSimangaliso besingafisa ukwenza lokho, angeke kuze kwenzeke ngoba lolu daba alusekho ezandleni zeSimangaliso. Labo ababoshiwe baboshelwe ukwephula umyalelo weNkantolo, ngokungawuhloniphi umyalelo ovimbela noma ubani ukuba asike ucingo lwesiqiwi, ukungena ngokungemthetho endaweni evikelekile, kanye nokwenza izenzo ezingahambelani nomthetho wesiqiwi. Kuphinde kwavela ukuthi bangase babe baningi abanye abantu abazoboshwa uma beqhubeka nokuzibandakanya nezenzo ezingavumelekile esiqiwini.



*Esithombeni: Inkosi Nxumalo kanye nosihlalo webhodi laseSimangaliso Nksz. Sosibo*

Amakhosi anqume ukuthi azosebenzisana wonke futhi ahlanganise amakhanda ngenhloso yokuthola izindlela zokuxazulula lenkinga ngokushesha. Amakhosi ayinxenye yabantu ababalulekile ekuphathweni kweSimangaliso, yingakho kunemihlangano ehleliwe yekota yonyaka ehlala njalo phakathi kwamaKhosi neSimangaliso, lapho amakhosi ebikelwa khona ngezindaba ezithinta iSimangaliso futhi anikeze izeluleko neziqond iso ngokusebenza kwesiqiwi.

Phakathi kwabebekhona emhlanganweni kubalwa iMeya yesiFunda saseMkhanyakude, uMhlonishwa uMdaka, obemele umkhakha woHulumeni basekhaya; uNksz. Sosibo, uSihlalo Webhodi laseSimangaliso, kanye namalungu eBhodi abika kuNgqongqoshe; uMnu. Zibani Ncube, uSihlalo we-People and Parks kanye nekomidi lakhe, okuyisakhiwo esisemthethweni esimele abasuswa (Land claimants) kanye nemiphakathi engomakhelwane.

---Iyaphela---

Isitatimende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority

Imibuzo yabezindaba xhumana no:

Mnu. Bheki Manzini

Call/WhatsApp: 060533 2082

Email: bhekimanzini@isimangaliso.com